



# Isipho esingalindelekanga

IsiZulu




Harold Gondwe

# **Isipho esingalindelekanga**

Ibhalwe ngu Harold Gondwe  
Kufanekiselwa Heidi-Kate Greeff



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi



Namuhla usuku lokuzalwa luka Mbongeni.  
Uhlanganisa iminyaka eyishumi. Abazali bakhe  
bamenzele umcimbi. Bamthengele ikhekhe  
elimise okwebhola.

Kunokudla okuningi etafuleni lokudlela, kufaka  
phakathi amaswidi, okuyisidingo lapho  
kunomcimbi wosuku lokuzalwa.

Umndeni wakhe ubumupha izipho, abangani  
nabo bamuphe izipho. Bonke abangani bakhe  
babejabule ngekhekhe elimise okwebhola.  
Balidlile ikhekhe kodwa, ngoba lalilikhulu,  
abakwazanga ukuliqeda.



Ngemuva kwemigubho, umngani wakhe,  
uMancoba wahlebela uMbongeni okuthile,  
ephendula uMboneni wathi: "Kulungile mngani  
wami, ngizofika uma sesiqedile ukupakisha  
izihlalo, ngisize ukuze sikhazi ukukuqeda  
ngokushesha lokhu."

Baqoqa izihlalo, bathatha wonke amaphepha  
nangempela bakuqedha ngokushesha lokhu.


uMbongeni ucele imvume kumama wakhe  
yokuthi ayolanda isipho sakhe endlini  
kaMancoba.



Umama wakhe wambuza: "Kungani  
ungaletanga isipho sakho Mancoba?"

"Ngisishiye ngephutha mama." kuphendula  
uMancoba ehleka kancane.

"Kumele ubuye ekhaya masinyane Mbongeni  
ngoba uma wena nomngani wakho  
nihlangana niyodlala kuze kuhlwe kakhulu."



“Mbongeni, ngicela ungilinde lapha ngenkathi ngisayolanda isipho sakho,” kusho uMancoba.

UMbongeni wasala, futhi wayezibuza ukuthi umngani wakhe umphathela isipho esinjani.

Wayelokhu elunguza umngani wakhe, kuthe kusenjalo, kwaqhamuka uMancoba ephethe ibhokisi elincane. Yini ngaphakathi ebhokisini?

“Sikufisela usuku lokuzalwa oluhle mngani wami, nasi isipho sakho, ngiyethemba uzosithanda,” esho emoyizela.

UMancoba unikele isipho kuMbongeni.

Lapho ebheka ebhokisini, wayengakukholwa akubonayo: umdlwane!



“Mngani wami! Wazi kanjani ukuthi kade ngangifuna inja?”

“Ngikuzwe ngosuku lapho besikhulumu ngezilwane ukuthi ufunu ukuba nenja ngoba uyazithanda izinja. Ngicele lo mdlwane kumkhulu wami onenja enemidlwane emine.”

“Ngiyabonga kakhulu mngani wami,” kusho uMbongeni ubuso bakhe buchichima injabulo nenjabulo.



“Ngingawucosha umdlwane?” Kubuza  
uMbongeni ehleka kancane.

“Le yinja yakho, ithate mngani wami, umsebenzi  
wami usuphelile.” kusho uMancoba.

“Nginegama layo, ngizoliqamba manje,” kusho  
uMbongeni ebamba ibhokisi.

“Ngempela, unegama lomdlwane ngokushesha  
okungaka?” kubuza uMancoba ngokumangala.

“Igama lenja yami nguChicco.”



U-Chicco waqala watshikizisa umsila ejabulela ukuba noMbongeni. Unomzima omhlophe nebala elimnyama ebusweni.

UChicco wenza umsindo othambile.  
UMbongeni wayengazi ukuthi uzothini kumdlwane.

“Kumele ukhulume nomdlwane wakho ukuze ukujwayele,” uMancoba weluleka umngani wakhe ngoba uyabona ukuthi udidekile.

“Sengiyahamba manje Mancoba, kazi umama uzothini uma esengibona ngiza nomdlwane.”



Ngenkathi uMbongeni efika ekhaya, wafihla umdlwane ngemuva kwendlu.

Wayesaba ngoba wayengazi ukuthi uzowunakekela kanjani umdlwane wakhe.

Wezwa umama wakhe embuza ukuthi ubuyile naa? Wethuka ngoba, umama wakhe wayengafuni injá, wathi izinja ziyahlupha.

“Yebo mama, sengibuyile, woza uzobona isipho sami,” kuphendula uMbongeni.



Wafika umama wakhe, lapho ebona  
umdlwane, wathi: "umdlwane njengesipho?"  
ebuza ngamehlo akhe ephumele ngaphandle  
ngenxa yokumangala.

"Ngiyacela Mbongeni, uyinakekele kahle Inja,  
angifuni ukubona udoti wenja noma kuphi  
egcekeni. Uyangizwa?"

"Ngizoyinakekela injá mama ngiyakuthembisa,"  
kusho uMbongeni ngamehlo akhe ebheke  
phansi.



Ubusuku bokuqala babunzima kuMbongeni  
ngoba, uChicco wayekhala ubusuku bonke.  
UChicco wayengafuni ukulala yedwa  
ngaphandle, ngenxa yalokho, uMbongeni  
wagcina emngenise endlini.

Ekugcineni, uChicco wakujwayela ukulala  
endlini yakhe, ngaphandle. Waqala ukukhula  
futhi wabonakala egijima noMbongeni.



U-Chicco ubedla ukudla kwezinja okuvela emathinini, wayekuthanda kakhulu lokhu. UMbongeni, wayefaka ukudla okusele esiqandisini. UMbongeni wamthengela amathambo, namathoyizi wayemjikijela ngawo bese uChicco egxuma awabambe.

Lapho kufika isikhathi sokuthi uChicco ageze, wayehamba ayocasha ngemuva kwendlu ngoba wayengathandi.



Ngelinye ilanga uMbongeni ebuya esikoleni,  
wazilungiselela ukudla kwakhe kwasemini.  
Njengenjwayelo, wavula isiqandisi, kulokhu  
watola isobho linamathambo, wakufudumeza  
lokhu kanye nophuthu, wahlala phansi wadla.  
Lapho eqeda ukudla, kwafika umama wakhe  
wavula isiqandisi wabe eseбуза: “Ingabe  
uChicco usedlile?”



“Cha, bengisadla ngaphambi kwakhe,”  
kuphendula uMbongeni eqedela konke ukudla  
kwakhe.

“Manje liphi isobho likaChicco ebengilibeke  
efrijini?” wabuza ngenkathi ecinga efrijini.  
Ngesikhathi eqalaza, wabona ipuleti  
ebelinesobho likaChicco, libekwe ngaphakathi  
kusinki.

“Mbongeni, ufunu ukungitshela ukuthi nguwe  
odle isobho likaChicco?”



“Bengingazi ukuthi yisobho likaChicco,” ubuso bukaMbongeni babushintshile , wayefisa sengathi angakuphalaza konke ukudla.

“Hhayi bo! Ngeke uhlante lutho, vele ususuthi kanti nokudla manje kusesiswini sakho,” kusho umama kaMbongeni ngenkathi ehleka.

“Kuzokwenzekani uma ngigula?” Ngalowo mzuzu uMbongeni ubesezama ukukuhlanza ukudla, kodwa lutho ukuphuma.



Ngaleso sikhathi uChicco wayemi  
ngasemnyango, ekhonkhatha, elinde  
uMbongeni ukuthi amlethele ukudla kwakhe  
ukuze kuthi emva kokudla, yena noMbongeni  
bakwazi ukuyodlala.

UMbongeni abe esthi: "Olunye uhlobo  
lwesipho sokuzalwa, bheka manje njengoba  
sengidle ukudla kwezinja, kodwa ngizophila?"  
Wayezizwa kabi.

Wabe eshintsha umqondo wathi: "Uma  
uChicco esaphila, kusho ukuthi ngeke ngife."

# **UKUBONGA**

**Ibhalwe ngu**

Harold Gondwe

**Kufanekiselwa ngu**

Heidi-Kate Greeff

**Mhleli**

Mavis Ndlovu

**Umklami**

PixelPing Design

**Umhumushi**

Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**

Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00787-9



basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



LET'S GET SOUTH AFRICA READING

